



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**FEBRUWARI/MASHI 2012**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 70**

**Le memorandamu inamakhasi ama-5.**

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

- 1.1 1.1.1 Sebengazibonela ngokwabo/sebengazimela ngokwabo. (Okukodwa kwalokhu) (2)
- 1.1.2 Ukushayela izingane umthetho. (2)
- 1.1.3
- Kukwami la,
  - Ngeke ngibumele utshwala,
  - Ukuphuma nokungena kwamantombazana angaziwa,
  - Ukufika ngesikhathi osithandayo. (Okubili kuphela) (2)
- 1.1.4 Zisuke zibonga indlela ezikhuliswe ngayo/zicela inhlanhla yalapho ziya khona. (2)
- 1.1.5 Ngokobu-Afrika, umfana uphuma ngoba eseganiwe kanti intombazane iphuma ngoba isiyogana. (2)
- 1.1.6 (a) Azifuni ukusebenzisa imali yazo. (1)  
(b) Zibheke amafa asemakubo. (1)
- 1.1.7 A Nibaningi (1)
- 1.1.8 Kusiza ukuthi kugqamise ubudlelwane obungebuhle phakathi kwezingane esezikhulile nabazali. (2)
- 1.1.9 Zidinga ukunakekelwa. (1)
- 1.1.10 Ngiyavumelana, ngoba ngokwabo abazali basuke sebeqedile ukukhulisa izingane sebefisa ukuthi bahlale bodwa bengasezukuphazanyiswa muntu. (2)
- 1.1.11 Yebo kufanele ukuze zikwazi ukuzimela. Cha akufanele kuya ngesimo. (2)
- 1.2 1.2.1 Ubambe izimpahla ngesandla futhi zifonyozekile. (2)
- 1.2.2 (a) kutshalwe izimbali (1)  
(b) kutshalwe izihlahla (1)
- 1.2.3 Ngokulalela imithetho yabazali/ngokubuya ngesikhathi esifunwa abazali. (Nokunye okuhambelana nombuzo). (2)
- 1.2.4 B Ukudumala (1)
- 1.2.5 Uzincisha imfudumalo yasekhaya/izibusiso nezinhlanhla. (Okukodwa kwalokhu) (Nokunye okuyonikezwa abahlolwayo) (1)
- 1.2.6 Kufanele, ngoba umzali usuke esewenzile owakhe umsebenzi, sekufanele ingane izimele/izibonele nayo. Akufanele, kukuyona ingane ukuba izikhethela ukuthi isafuna ukuhlala ekhaya noma isifuna ukuhamba. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Nanka amaphuzu angalindeleka ekufingqeni:

- Igama lomuntu liyindaba enkulu.
- Wonke umuntu uyalithanda igama lakhe ngakho-ke ulindele ukuthi wonke umuntu enze kanjalo.
- Akukuhle ukungcofa igama lomuntu.
- Akukuhle ukuhleba ngegama lomuntu. Umuntu ukuyela kubameli akubophe ngokujivaza igama lakhe.
- Abantu bakhuluma kahle ngegama lakho uma uphila impilo ehlelekile.
- Umuntu uyazenzela igama elihle kubazali nasemphakathini ngezenzo zakhe.
- Malingagagulwa kalula igama lomuntu ongeyona ingane noma untanga wakho.
- Ukuhlonishwa kwamagama abantu basemzini.
- Indlela yokuhlonipha uma ubiza igama lomuntu omdala noma okumele umhloniphe.
- Igama lomuntu libalulekile futhi umninilo uyalisebenzela ukuze lihlonipheke.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7
  - amamaki ama-3 awolimi
  - amamaki esewonke:10
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3
- **Isakhiwo:**  
Noma ngabe ukufingqa kwethulwe ngesakhiwo okungesona, kumele sihlolwe.
- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele lephucwe ohlolwayo ngokwehluleka ukuveza inani lamagama awasbenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama **ama-5 kuphela** angaphezulu kwamiselwe bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo ege ngwayo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

- 3.1 Ukuyeka i-diet kanye nokudla ukudla okunempilo. (2)
- 3.2 Kumuntu ofuna ukuba umkhangisi waleli phephabhuku. (2)
- 3.3 Ukufihlela abathengi intengo yephephabhuku/ukungethusi abathengi baxwaye inani. (2)
- 3.4 B Ukuze umthengi asheshe alibone. (1)
- 3.5 Ukwehlukana isiqalo sebizo negama lesiNgesi. (1)
- 3.6 Ngiyavumelana. Umkhangisi ungumuntu wesifazane kanti nezinto ezishiwoyo zibhekiswe kubantu besifazane. (2)
- [10]**

**UMBUZO 4**

- 4.1 Ubonakala ngokufutha izihlathi kanye nokubumba umlomo. Inkulumo yakhe uThishomkhulu. (2)
- 4.2 Yingoba isikole sakhiwe eduze kwesikhumulo samabhanoyi. (2)
- 4.3 Ubudlelwane babo abubuhle, ngoba baphikisana phambi kwezingane. (2)
- 4.4 A Ihaba (1)
- 4.5 Lisinika umqondo wokuthi sisanda kwakhiwa/ kusho ukuthi sikhona esidala ebesikhona. (1)
- 4.6 Bacasukile ngoba amabhanoyi ababangela umsindo/bathuswa indlela othisha abaphendulana ngayo/bamangaliswe indlela othisha abaphendulana ngayo/ bathuswe ukuthi amabhanoyi hleze awele phezu kwesikole. (2)
- (Nezinye izimpendulo eziyohambelana nombuzo) (2)
- [10]**

**UMBUZO 5**

- 5.1 Kusho ukuthathwa izinto ezifikayo ngaleso sikhathi. (2)
- 5.2 5.2.1 kabuhlungu- lisebenze ukukhanyisa isenzo (esezimpintshe). (1)
- 5.2.2 noma-lisebenze ukuhlenganisa. (1)
- 5.3 imadlana- Imadlana yakho ayizange ingisize ngalutho. (1)
- (Imisho iyokwehluka kodwa ikhombise ukwedelela)

- 5.4 Lesi sihlava siyazanywa ukunqandwa imisakazo namaphephandaba. (2)
- 5.5 D Konke okungenhla. (1)
- 5.1.6 Izihlabathi ziyagqibana ngempela uma ubheka ngasohlangothini (2)  
lwezimfashini. [10]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**